NEWSLETTER

# MANDENI NEWS

Esikhathini esi ngange zinyanga ezintathu ezedlule, UMasipala wase Mandeni usingathe izinhlelo ezahlukene ngenhloso yokubuyela emphakathini kanye nokuletha intuthuko, bheka kule ngosi ezinye zezinhlelo ezenziwe kulesi sikhathi.



**POLICY REVIEW:** Amakhansela omkhandlu wase Mandeni, abaqondisi kanye nezimenenja bahlangane ku nsukumbili womhlangano we **Policy Review ePremier Hotel, Richards Bay**. Lomhlangano bekuhloswe ngawo ukubuyekeza nokuchibiyela inqubomgomo ka Masipala ngenhloso yokukhuthaza nokuphuthumisa ukulethwa kwe ngqalasizinda emphakathini. Njengengxenye yalomhlangano, abaqondisi, izimenenja kanye namakhansela omkhandlu bathole inkundla yokubhunga ngezinto eziwumgogodla wokulethwa kwentuthuko emphakathini kanye nokuqinisekisa ukuthi ukusebenza kuka Masipala kuba umshini ogaya imihla namalanga

**IZITHOMBE EKHASINI LESIKHOMBISA**

www.mandeni.gov.za @MandeniLM Mandeni Local Municipality

## KWETHULWE ABOKUQALA OHLELWENI LOKUFUNDAKUSEBENZA

uMasipala wase Mandeni wamukele abokuqala abangu 30 kwabawu 50 abazoba ingxenye yokufunda-kusebenza ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni.
Labantu abasha bahlonzwe ngokwezicelo ezisanda kukhangiswa ngaphansi kwalo Masipala lapho abantu abasha babenxuswa ukufaka izicelo.
Ezinkulumweni yokubamukela, uMeya womkhandlu wase Mandeni uKhansela **Thabani Mdlalose** anye no Somlomo womkhandlu, uKhansela **Phindile Sishi** bavumelene ngazwi linye ukuthi loluhlelo luzolekelela intsha eningi yase Mandeni njengoba luzohlale lukhangiswa, ukuze bezoba baningi abantu abathola ithuba.





## KUHLINZEKWE ABESIFAZANE NGEZINSIZA

UMasipala wase Mandeni uhlinzeke abantu besifazane abasemikhakheni eyahlukene ngezinsiza zokuqhuba amabhizinisi abo.
Lokhu kwenzeke emcimbini obubanjelwe eSibusisiwe Hall, ngo Lwesihlanu. Phakathi kosomabhizinisi abahlomulile singabala u**Thandeka Ngobese** ongu plumber





## “UMASIPALA WASE MANDENI, UZIBOPHEZELE UKUSHINTSHA IZIMPILO ZABANTU”

## UMUNTU, NGUMUNTU NGEKHAYA

uMeya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela **Thabani Mdlalose** dlulisele ngokusemthethweni itayitela lomuzi kugogo nomndeni wakwa Pillay, eHlomendlini. Lapha uMeya ubehambisana nekhansela lendawo uKhansela **Sipho Magwaza**. Lokhu kudluliselwa kwetayitela kuyingxenye yomkhankaso ka Masipala oqhubekayo kulendawo wokunikeza abantu bakulendawo amatayitela emizi yabo.
**OSUKWINI OLUFANAYO**, Umeya uphinde wadlulisela amatayitela emindenini engaphezulu kuka 100 endaweni yase Hlomendlini




---

## OSOMABHIZINISI BASE MANDENI NEMISEBENZI YABO

Osomabhizinisi abancane base Mandeni abebeyingxenye yohlelo lokuqeqeshwa ngenhloso yokunyusela amabhizinisi abo kwelinye izinga bathole ithuba lokukhombisa ngemisebenzi yabo.




---

**"UKUSEBENZELA UMPHAKATHI NGOKWETHEMBEKA NOKUZIKHANDLA KUSEQHULWINI EMANDENI"**

## KUHLALISWE NGEMPUMELELO I-TRANSPORT FORUM

UMeya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela **Thabani Mdlalose** uhlalise ngempumelelo umhlangano we Transport Forum obekuhloswe ngawo ukudinginda izindlela zokuphucula ingqalasizinda yezemigwaqo nokuqinisekisa ezokuphepha emigwaqeni yase Mandeni.

Phakathi kwezinhlaka zezimigwaqo ebeziyingxenye yalomhlangano singabala abakwa **SANRAL**, **Department of Transport**, **Mandeni Technical Services** nabakwa E**conomic Development.**

Lomhlangano ungenye yezigcawu ezisemqoka ezicaba indlela ebheke ekuqinisekiseni ukuthi imigwaqo, nakhokonke okuhlobene nezokuthutha eMandeni kunakekeleka ngendlela efanele kuphinde kuqalwe nama projects amasha.




## KUBUYISWE ITHEMBA KU BAFELOKAZI

USomlomo ka Masipala wase Mandeni, uKhansela **Phindile Sishi** ngokubambisana nomnyango wezindaba zabesifazane ngaphansi kuka Masipala wase Mandeni, basingathe ngempumelelo umcimbi wokubuyisa ithemba Kuba felokazi bangaphansi kwalo Masipala. Njengengxenye yezinhlelo zosuku, abafelokazi banikezwe umphako wezinkulumo ezakhayo ezihlobene nokusungula amabhizinisi nokunye okuningi. Ngaphezulu kokunye, baphinde banikezwa amageja nezimbewu ukuqhuba usiko Luka "One Home, One Garden"




**“ALIKHO IKHONA LASE MANDENI ELIZOSALA NGEMUVA EKULETHWENI KWENTUTHUKO”**

## UMEYA WELULE ISANDLA ESOMSHOKO HIGH SCHOOL

UMeya womkhandlu wase Mandeni, uKhansela **Thabani Mdlalose** uvukele eSomshoko High School ngenhloso yokudlulisela ama-voucher okuthenga umfaniswano weskole kubafundi abawudingayo.
UMeya uphinde wanxusa isikole ukuba sihlonze usuku lapho bezoya khona ukuyothenga imifaniswano ukuze uMasipala uzobahlinzeka nge-transport ezobayisa iphinde ibabuyise ezitolo.




## ISIGCAWU SOMAMA BEZINTOMBI

UMasipala wase Mandeni usingathe ngempumelelo isigcawu nomama abahlola izintombi ngaphansi kwezindlu zamakhosi akhale uMasipala wase Mandeni. Lesisigcawu, bekuhloswe ngaso ukubagqugquzela emsebenzini wabo kanye nokubanikeza ithuba lokuphefumula ngezingqinamba ababhekana nazo kulomsebenzi ngenhloso yokubalekelela.




**“NGOKUBAMBISANA SINGENZA IMANDENI IBE INDAWO ENGCONO”**

## UHLELO LOKUNIKEZELA NGEZINCWADI ZOKUSHAYELA

UMasipala wase Mandeni, ngaphansi kobuholi buka Meya, uKhansela, Thabani Mdlalose udlulisele ngempumelelo uhlelo lokufundiswa ukushayela intsha engu 32 yase Mandeni. I-Ward ngayinye inezikhala zabantu ababili kanti bonke laba bahlomule ngokohlelo lokufaka izicelo oluqale nyakenye, base behlonzwa ngokwezicelo kanye nokubhekelela imuva labo




## YETHULWE NGEMPUMELELO I-RAFT RACE

Ibuye ngamandla i-Raft Race eMandeni, lona ngumcimbi obeka lendawo ebalazweni njengoba ukwazi ukuhlanganisa abatshalizimali, ubuholi kanye nezinhlaka ezahlukene ezimelene nokufukula indawo yakithi. lomcimbi uke wahlaba ikhefu kanti usubuye ngamandla ngenhloso yokukhuphula ezokuvakasha kanye namabhizinisi akulendawo.




**"NGOKUBAMBISANA SINGENZA IMANDENI IBE INDAWO ENGCONO"**

## IMICIMBI YASE MANDENI NETHUBA KUBANTU ABASHA

UMasipala wase Mandeni uyakuqinisekisa ukunikeza intsha yakulendawo emikhakheni eyahlukene amathuba. ngesikhathi semijikelezo yemihlangano yentuthuko edidiyelwe, lo Masipala unikeze ithuba intsha esemkhakheni ka qedisizungu ngokucula inandise phambi kwamalunga omphakathi.











**"UKUPHUMELELA KWE MANDENI, KUSEZANDLENI ZETHU SONKE"**